f

# LADIES DEPARTMENT ADMINISTRATION COURSE

# UKUHLELEKA KAHLE KOMSEBENZI WABESIFA2ANE EBANDLENI

## 1. UKUHLELEKA KAHLE KWEBANDLA.

Ebandleni elihlelekile kunezigaba Department ezine ezimqoka okuyilezi.:

- Esobaba - Men's Department
- Esomama - Ladies Department
- Esabasha - Youth Department
- Esezingane - Sunday School
- Namuhla sigxila kwisigaba soMama.

## 2.1SIGABA SOMAMA - LADIES DEPARTMENT

Isigaba somama sifanelwe sigcotshwe ngokomthetho umholi webandla. Kugcotshwa usihlalo nekomidi eliphethe umsebenzi wonke womama.

## 3. UNKOStKAZl WOMHOL1 WEBANDLA

uNkosikazi womholi webandla akangeni yena ekomidini lomama kodwa unguMeluleki omkhulu wornama bonke. Kubalulekile ukuthi alibusise futhi alikhulule ikomidi lomama ukuthi lisebenze ngokukhululeka.

## 4. IZISEBENZI EZINGA BESIFAZANE

Zine (4) izisebenzi ezikhona:

- Amakhosikazi abefundisi
- Abafundisi besifazane (Uma ibandla libamukela)
- Abakhokheli
- Nabasemakomidini nakwezinye izinhlelo zebandla.

## 5. ABEFUNDISI BESIFAZANE

Amagunya namandla onke okukhethwa nokugcotshwa kwabafundisi besifazane akumholi webandla nekomidi elikhulu lebandla. Ngokuvunyelwa umholi webandla, bayangena nabo emhlanganweni wabefundisi futhi bayayenza yonke imisebenzi yabefundisi.

## 6. USIHLALO WOMAMA

Ibandla linosihlalo womama okunguye ophethe izinhlelo zonke zomama ebandleni lonke.

## 7. UKUHLELEKA KAHLE KWEKOM1DI LOMAMA

Kuwona wonke ama "Branch" ebandla kunomgqugquzeli nosihlalo wekomidi lomama futhi kuba nenkonzo yomama eba njalo kanye ngesonto kunesikhwama somama se "Branch" esibhekene nezidingo ze Branch. Ikomidi elikhulu lomama kufanele libe nosihlalo nabagqugquzeli bomama abasebenza nosihlalo womama webandla lonke.

**Ikomidi lihlelwe kanje.:**

- Usihlalo
- Isekela likasihlalo
- Abagqugquzeli
- Unobhala
- Isekela likanobhala
- Umphathi wezimali
- Amalunga okwengeza

## 8. ABAKHOKHELI

Abakhokheli bagcotshwa ngokomthetho bafundiswe balulekwe ngumholi webandla. Kunomkhokheli omkhulu (Senior Advisor) ongowebandla lonke, kukhona owomama, owezintombi, owabasha, nabehileki bezinsizwa. Abakhokheli batholakala kuwo wonke ama "Branch" ebandla.

## 9. INGQUNGQUTHELELO YQMAMA

Njalo kanye ngonyaka omama baba nenkonzo ehlanganisa amaBranch onke ebandla. Kokhokhwa futhi imali yesikhwama somama sebandla lonke kuleyonkonzo ye conference noma ingqungquthela yomama.

## 10. IMPUMELELO IKUPHi

Uma behloniphana, bethobelana behlonipha futhi umthetho webandla. Uma bemhlonipha umama onguNkosikazu womholi webandla, naye engagxambukeli emsebenzini wekomidi lomama.

# UKUHLELEKA KAHLE KOMSEBENZI WOMAMA

siNOMHOLI webandla lonke

Phezulu sinomholi webandla lonke okungaba iBhishobhi, uMphostoli noma uMengameli.

**UNROSIKAZIWOMHOU Wfefi ANDLA**

Sinomama oshade ngokomthetho nomholi webandla lonke, yena oba nguMeluleki omkhulu womama.

**AB AFUND1SI B£SIFAZAN£ / LAD V PASTORS**

Abesifazane laba abangabefundisi abaqeqeshiwe bamukelwa bagcotshwa ngokomthetho urnholi webandla.

**UHLELO LlåfAB AKHOKHELl / CHUftCH ADVlSORS**

Bakhethwe kuwo wonke ama "Branch" baqeqeshwa bamukelwa bagcotshwa ngokomthetho umholi webandla.

USIHLALO WOMAMA WEB ANDLA

Ungusihlalo womama webandla lonke futhi ungusihlalo wekomidi elikhulu lomama. Usebenza kakhulu nabagqugquzeli nekomidi lomama.

**IKOMIDIELIKHULU LOMAMA**

Sinekomidi elikhulu elihlela izinhlelo zonke zomama elihleleke kanje:

- Usihlalo nesekela lakhe.
- Unobhala nesekela lakhe.
- Umphathi wezimali.
- Abagqugquzeli
- Amalunga okwengeza

**ISIKHWAMA SOMAMA SEBANDLA LONKE**

Imali le eqoqwa komama kuwo wonke ama "Branch" yakha isikhwama somama sebandla lonke.

**UKUKæTHtfA KWEKOMIDIEUSHA**

Ikomidi lomama likhethwa kabusha njalo emva kweminyaka emibili noma emithathu.